

IsiZulu



VICTORY OR DEATH



IMANIFESTO

**YOKHETHO LOHULUMENI
BASEKHAYA YANGO-2026**

VOTE EFF





A. ISANDULELO SIKAMONGAMELI NOMKHUZI OMKHULU

Ukhetho lohulumeni basekhaya lwango-2026 lungesinye sezikhathi ezibaluleke kakhulu emlandweni wentando yeningi yethu. Abantu bakithi babhekene nenkinga ekhulayo yokuphatha, ukwehluleka kokulethwa kwezidingo, ukungasebenzi, inkohlakalo, ukuwohloka kwengqalasizinda kanye nomasipala abayekile ukufeza izibopho zabo zomthethosisekelo. Ngakho-ke, lolu khetho luyisinqumo sokuthi imiphakathi izoqhubeka yini nokubekezelela ukuwohloka nokunganakwa, noma izovuka ibuyise omasipala bayo futhi ibuyisele isithunzi kuhulumeni wasekhaya.

Ngenxa yalokhu, singena kulolu khetho ngaphansi kwesiqubulo esithi: Ukunqoba noma Ukufa!

Lesi sitatimende sigcizelela ukuphuthuma kwalesi simo futhi siyavuma ukuthi abantu bakithi ngeke besakwazi ukuqhubeka nokubekezelela izimo ezidalwe yiminyaka yenkohlakalo, ukungakwazi ukusebenza, ukwenzelelana, ukuwohloka komnotho kanye nokuthunjwa kohulumeni basekhaya ngosomathenda kanye nezicukuthwane ezixhumene nezepolitiki. Ezigidini zabantu baseNingizimu Afrika, ukwehluleka komasipala akusona nje isihloko senqubomgomo esingaphatheki, kodwa kuyinto yansuku zonke ethinta ukutholakala kwamanzi, ukuphepha emigwaqweni, ukuqoqwa kukadoti, ukulungiswa kwemigwaqo kanye nesithunzi semiphakathi.

I-Economic Freedom Fighters ("EFF") yethula le Manifesito njengohlelo lwamasu lokuhlenga uhulumeni wasekhaya. Inikeza uhlelo olusebenzayo nolungenziwa olugxile ekwakheni kabusha omasipala abasebenzela abantu kunokusebenzela osonkontileka kanye nedlanzana elikhethiwe. Le Manifesito igcizelela ukuthi ikusasa leNingizimu Afrika lincike ekubuyiselweni kwamandla, ubuqotho kanye nesimo sokuthuthukisa sika-hulumeni wasekhaya ukuze kuvuselelwe izimboni. Umgomo oyinhloko oqondisa lezi zinqubomgomo uthi omasipala kumele basebenzele imiphakathi, hhayi izintshisekelo ezizimele. Izinsiza zomasipala kumele ziqondiswe ekulethweni kwezidingo ezisezingeni, ekugcinweni kwengqalasizinda, ekudalweni kwamathuba emisebenzi kanye nasekukhuthazeni iminotsho yendawo esimeme.

Omasipala kumele babe yizikhungo zokuhlala, ukulethwa kwezidingo kanye nentuthuko, besebenzisa amandla angaphakathi kunokuba babe yimigudu yenkohlakalo nokumoshwa kwezinsiza.

Ukuzethemba kwethu ekwethuleni le Manifesito akuveli emcabangweni wodwa. Kusekelwe kokuhlanganwe nakho okusebenzayo kanye nokuphatha



okufakazelwe. Nomaphi lapho i- EFF inikezwe khona umthwalo wokuphatha kuhulumeni wasekhaya, sibonise ukuthi enye indlela yokuphatha iyafezeka - indlela esekelwe ekuphenduleni, ekulethweni kwezidingo, ekuziphatheni kahle kwezezimali kanye nasekuzibophezeleni kubantu.

Njengoba ipolitiki yemifelandawonye ikhula, i-EFF ibambe isikhundla esiyinqayizivele kuhulumeni wasekhaya. Nakuba ingaphethe omasipala ngokuphelele, sisebenzise ithuba lethu ukuqinisekisa ukuthi ukuphatha kusebenzela abantu. Komasipala abahlukene eNingizimu Afrika, i-EFF isebenzise njalo ukuba khona kwayo emikhandlwini ukuveza inkohlakalo, ukuvimbela ukusetshenziswa kwemali ngokumosha, ukufuna ukuthi abaphathi bomasipala baphendule, kanye nokumela izintshisekelo zabahlali abavamile.

Ukhetho lwango-2026 luyisikhathi esibalulekile esizobumba ikusasa lohulumeni bethu basekhaya eminyakeni ezayo. Luzosiza ukunquma ukuthi imiphakathi izoqhubeka yini nokubhekana nezindlelo ngaphansi komasipala abawayo, noma kuzotholakala indlela entsha. Lolu khetho luzophinde lunqume ukuthi izinsiza zomphakathi zizoqhubeka yini nokucebisa abeluleki kanye nosomathenda, noma ekugcineni ziqondiswe ekuhlangabezaneni nezidingo zabantu.

Umlando usibonise kaningi ukuthi ushintsho olunomqondo lungenzeka kuphela lapho abantu abavamile, abadala nabancane, behlangana futhi besebenzisa amandla abo entando yeningi. Ngakho-ke, le Manifesto ingaphezu kombhalo wenqubomgomo. Iyisimemo esiqotho sokuthatha isinyathelo kanye nesicelo esivulekile sokuthi imiphakathi ibambe iqhaza ekwakheni kabusha uhulumeni wasekhaya.

Ukunqoba noma Ukufa!

B. ISINGENISO

I-EFF ingena okhethweni loHulumeni Basekhaya lwango-2026 njengenhlangano yezinguquko esikhulile futhi enolwazi, esibambe iqhaza kuhulumeni wasekhaya isikhathi esingaphezu kweshumi leminyaka. Kungokwesithathu i-EFF ingenela ukhetho lohulumeni basekhaya kusukela yasungulwa, kulandela ukhetho lwango-2016 nolwango-2021.

Ngokwakhela esisekelweni esiqinile kanye nokuhlanganwe nakho kweminyaka eyi-13 ye-EFF ePhalamende Likazwelonke, ezishayamthetho nasemikhandlwini, le Manifesto ayisona nje isitatimende sezibopho ezintsha. Yakhela phezu kwamaManifesto okhetho lohulumeni basekhaya adlule e-EFF, iManifesto



Yokusungula kanye nezinqumo zoMhlangano Kazwelonke Wabantu (NPA) wangowezi-2024.

Le Manifesito iyisibuyekezo nokuvuselelwa kwezibopho zesikhathi eside ze-EFF. Isekelwe ezimisweni zepolitiki zeqembu kanye nokuhlangenwe nakho elikuthole eminyakeni edlule. Amalungu e- EFF asebenze njengamakhansela, amalungu amakomiti omeya kwabanye bomasipala abakhulu basemadolobheni eNingizimu Afrika, osihlalo bamakomiti emikhandlu yomasipala, abamele ukuqapha kanye nezishosho zemiphakathi ezweni lonke. Le Manifesito ikhombisa izifundo ezifundwe yi-EFF, impumelelo etholakele kanye nezinselelo okusamele zixazululwe ukuze kwakhiwe kabusha uhulumeni wasekhaya.

Omasipala Babantu ngaphansi kukahulumeni we-EFF bazokwamukela uHlelo Lokusebenza olubonisa ngokweqiniso izimo zabo zendawo ezihlukile kanye nezinto ezibalulekile ekulethweni kwezidingo. Le Manifesito inikeza uhloko lukazwelonke oluzoqondisa umsebenzi woMasipala Babantu kanye namakhansela e-EFF. Ichaza ukuhlolwa kwethu kwesimo sikahulumeni wasekhaya namuhla futhi ibeka izibopho zethu zokwakha omasipala abanekhono, abathuthukisayo nababantu.

Imanifesito Yokhetho Lohulumeni Basekhaya yango-2026 igxile kulezi zindawo ezisemqoka ezilandelayo:

- A. Isimo Sohulumeni Basekhaya eNingizimu Afrika Namuhla
- B. Iminyaka Eyishumi ye-EFF kuHulumeni Wasekhaya
- C. Izibopho ze-EFF kuHulumeni Wasekhaya
- D. Ukwabiwa Kwezimali Nokuxhaswa Ngozimali koMasipala Babantu
- E. Isiphetho
- F. Isimemezelo Sekhansela le-EFF

C. ISIMO SOHULUMENI BASEKHAYA ENINGIZIMU AFRIKA NAMUHLA

Uhulumeni wasekhaya eNingizimu Afrika ubhekene nenkinga enkulu eqhubeka iba yimbi. Eminyakeni engaphezu kwamashumi amathathu kwafika intando yeningi, izigidi zabantu zisaphila ngaphandle kokuthola njalo amanzi okuphuza aphephile, ukuthuthwa kwendle, ugesi ongabizi, ukuqoqwa kukadoti okuqhubekayo kanye nezinye izidingo eziyisisekelo zomasipala. Imiphakathi ihlangabezana njalo nokushoda kwamanzi, ukuphazamiseka kukagesi,



ukuchitheka kwendle, ukuwohloka kwemigwaqo kanye nengqalasizinda yomphakathi ewohlokayo.

Uhulumeni wasekhaya uthola ama-R110 billion abiwa yiPhalamende minyaka yonke, kodwa ngenxa yokuphathwa kabi kwezimali nenkohlakalo, omasipala bahlulekile ukuletha izidingo eziyisisekelo nokudala imisebenzi esimeme.

Omasipala manje basebenza njengabaqoqi bezikweletu, befuna izinkokhelo zamanzi, ugesi, ukuqoqwa kukadoti kanye nezinye izidingo kubantu abangasebenzi, abampofu, kanye nasemindenini yothisha, abahlengikazi, amaphoyisa, amasosha, onogada kanye nabasebenzi bomasipala ababhekene nobunzima bezezimali.

NgokukaMcwaningimabhuku-Jikelele, omasipala ngaphansi kwe-ANC, DA kanye ne-IFP bamoshe ama-R45.6 billion ngonyaka wezimali ka-2024/25. Laba masipala bayehluleka ukukhokhela amabhizinisi amancane, abasebenzi bomasipala, u-Eskom, amabhodi amanzi kanye nabanye abakweletwayo ngezikhathi ezibekwe ngumthetho.

Omasipala abasabaqashi abasebenzi ngqo; kunalokho bathembele kubadayisi babasebenzi kanye nezinkampani ezingabaxhumanisi ezixhumene nosopolitiki ukuze bathole amakhono ezobuchwepheshe, ezobunjiniyela, ezezimali kanye nokuphatha. Ngenxa yalokho, imigodi emigwaqweni ayilungiswa, ukuchitheka kwendle akunakwa, izikhungo zezemidlalo azigcinwa, izindlu azakhiwa, ingqalasizinda yamanzi iyalimala futhi kunezindawo eziningi zokulahla udoti ngokungemthetho.

D. IMINYAKA EYISHUMI YE-EFF KUHULUMENI WASEKHAYA

I-EFF yangena kuhulumeni wasekhaya ngowezi-2016 njengeqembu lezopolitiki elalisanda kusungulwa, elalizimisele ukusebenzisa imikhandlu yomasipala ukuthuthukisa izimpilo zabantu abavamile. Kusakela ekuqaleni, amakhansela e-EFF azihlukanisa njengabalwi abangesabi inkohlakalo, abavikeli babampofu kanye nabaholi bokulethwa kwezidingo.

I-EFF inamakhansela ayi-1 075 amele iningi lomasipala abangama-257 baseNingizimu Afrika. La makhansela aveze inkohlakalo, alwela ukulethwa kwezidingo futhi acindezela ukuqashwa ngokugcwele komasipala. Aphinde alwela amanzi nogesi wamahhala kwabampofu.



Amakhansela e-EFF alwe ngokungesabi nenkohlakalo kanye nokungakwazi ukusebenza komameya nabaphathi bomasipala komasipala abaningi ezweni lonke. Ngenxa yalokho, omameya abaningana basuswe ngempumelelo ezikhundleni zabo ngenxa yenkohlakalo, okuhlanganisa imeya ye-ANC eDitsobotla Municipality, imeya ye-DA eNelson Mandela Municipality, imeya ye-ANC eDr. JS Moroka Municipality, imeya ye-IFP eNongoma Municipality kanye nemeya ye-ANC eSteve Tshwete Municipality.

Umsebenzi ongakhathali wamakhansela e-EFF eminyakeni eyishumi edlule uholele empumelelweni eminingi yokulethwa kwezidingo, okuhlanganisa, kodwa kungagcini, kulokhu okulandelayo:

1. I-EFF eDolobheni lase-Ekurhuleni, eGauteng, yethula futhi yasekela iziphakamiso ezazifuna umasipala aqashe ngqo nangokugcwele onogada nabahlanzi abangaphezu kwe-150.
2. E-Ekurhuleni, eGauteng, i-EFF yandise inani labahlomuli abahlwempu ngabayi-1 819, manje abathola amanzi, ugesi kanye nezinsiza zokuthuthwa kwendle eziyisisekelo mahhala.
3. Ilungu leKomidi leMeya le-EFF elibhekele Amanzi Nokuthuthwa Kwendle eDolobheni lase-Ekurhuleni, eGauteng, lethula i-Ililiba Water Tower engama-megalitre ama-2 eTembisa kanye neNorthmead Water Tower engama-megalitre ama-5.5, engumbhoshongo wamanzi wesibili ngobukhulu eNingizimu Nenkabazwe.
4. I-EFF eDolobheni lase-Ekurhuleni, eGauteng, yanikeza ugesi emizini emisha eyi-2 016 ngokuphuthulwa kweziteshi ezingaphansi kanye neziguquli zikagesi eClayville, eMayfield, eTokyo Phase 3, eTsakane, eKwa-Thema naseThokoza.
5. Amakhansela e-EFF eDolobheni laseTshwane, eGauteng, alwela ukubuyiselwa emsebenzini kwabasebenzi bakamasipala abangama-81 ababexoshwe ngokungemthetho.
6. Amakhansela e-EFF eDolobheni laseTshwane, eGauteng, alwela ukuthuthwa kwezisulu zezikhukhula ezingama-500 zisuka eMamelodi ziye eLeeuwfontein.
7. I-EFF eDolobheni laseTshwane, eGauteng, yadalula inkohlakalo ye-DA ezinhlelweni zokudayisa iPretoria West Power Station, iRooiwal Power Station kanye neWonderboom Airport.
8. Ilungu leKomidi leMeya le-EFF elibhekele Ezemvelo Nodoti eDolobheni laseTshwane, eGauteng, lasusa izindawo zokulahla udoti ngokungemthetho eMamelodi Hostel, eSoshanguve Station naseMabopane eduze kwaseNgaka Maseko High School. I-EFF



- eDolobheni laseTshwane, eGauteng, yasula isikweletu samanzi nogesi esingu-R4.3 billion semizi empofu engaphezu kwezi-85 000.
9. Ilungu leKomidi leMeya le-EFF elibhekele Ezempilo eDolobheni laseJohannesburg, eGauteng, lavula imitholampilo esebenza amahora angama-24 emalokishini aseWestbury naseFlorida futhi lavuselela imitholampilo eZandspruit, eProtea Glen naseNaledi.
 10. I-EFF eDolobheni laseJohannesburg, eGauteng, yaguqula iPoortjie Centre yaba isikhungo sokwelapha izisulu zokusetshenziswa kabi kwezidakamizwa.
 11. Ilungu leKomidi leMeya le-EFF elibhekele Ukuphepha Komphakathi eDolobheni laseJohannesburg, eGauteng, lasungula i-JMPD Tactical Reaction Unit ukuze ilwe nobugebengu enkabeni yedolobha.
 12. Amakhansela e-EFF eTswaing Municipality, eTaung Municipality (Ward 4) naseMadibeng Municipality (Wards 4 no-27) anikela ngemigodi yamanzi kanye namathangi akwaJoJo.
 13. Amakhansela e-EFF eMadibeng Municipality aqhuba ikhishi lesobho nsuku zonke eWard 27 elinikeza ukudla emindenini empofu.
 14. Amakhansela e-EFF eDitsobotla Municipality afaka isiphakamiso sokungabethemi ubuholi, okwaholela ekususweni kwemeya ye-ANC eyayinenkohlakalo.
 15. Amakhansela e-EFF eTaung Municipality alwela ukwenziwa ngokusemthethweni kweLyk.
 16. I-EFF eBuffalo City Municipality, eMpumalanga Kapa, yamisa ukubhidlizwa kwezindlu ngokungemthetho nguhulumeni we-ANC endaweni yase-eBhongweni.
 17. Amakhansela e-EFF eBuffalo City Municipality, eMpumalanga Kapa, alwela ukuthi abantu baseWard 50 kanye nezindawo ezizungezile bathole ugesi.
 18. Ilungu leKomidi leMeya le-EFF elibhekele Ugesi Namandla eNelson Mandela Bay Municipality, eMpumalanga Kapa, lathuthukisa iMotherwell Main Substation.
 19. Ilungu leKomidi leMeya le-EFF elibhekele Isabelomali NoMgcinimafa eNelson Mandela Municipality lasula isikweletu sikamasipala esingu-R3.4 million se- Ekuphumleni Old Age Home ngemva kokuvakasha kanye nesibopho sikaMongameli we-EFF.
 20. Ilungu leKomidi leMeya le-EFF elibhekele Isabelomali NoMgcinimafa eNelson Mandela Municipality lasula izikweletu zemindeni eyayidonsa kanzima eCentral, eKwaMagxaki, eKwadwesi, eMotherwell naseBlue Water Bay.
 21. Amakhansela e-EFF eBig Five Hlabisa Municipality, KwaZulu-Natal, anikeza abantu baseWard 6 amanzi ngomgodi wamanzi.



22. Amakhansela e-EFF eCity of Cape Town Municipality, eNtshonalanga Kapa, alwela ukuphothulwa kwephrojekthi yepayipi lamanzi kanye nengqalasizinda yomgwaqo eduze kweGugulethu Housing Project.
23. Amakhansela e-EFF eCity of Cape Town Municipality, eNtshonalanga Kapa, alwela ukuvulwa kabusha kwechibi lokubhukuda.
24. Amakhansela e-EFF eEhlanzeni District Municipality, eMpumalanga, aqondisa ukuguqulwa kwe-Elijah Mango College yaba i-Ehlanzeni TVET College.
25. Amakhansela e-EFF eThaba Chweu Municipality, eMpumalanga, amisa ukuxoshwa ngokungemthetho kwabahlali basemapulazini eWards 4 no-5 yi-ANC.
26. Amakhansela e-EFF eDihlabeng Municipality, eFree State, asiza abantu baseWard 17 ukuthi bathole amanzi nogesi kamasipala mahhala emindenini empofu.
27. Amakhansela e-EFF eMafube Municipality, eFree State, aqondisa ukwabiwa kweziza ngumasipala.
28. Amakhansela e-EFF eDihlabeng Municipality, eFree State, adalula inkohlakalo kamasipala.
29. Municipality, eNorthern eNorthern Cape, yalwela i-Emthanjeni Municipality, Cape, yalwela ukusheshiswa kokukhishwa kokukhishwa kwamatayitela kanye kanye kwamatayitela nezinyathelo zokubhekana zokubhekana nokubambezeleka nokubambezeleka isikhathi isikhathi eside kokukhishwa kwamatayitela.

Ngale mpumelelo yeminyaka eyishumi edlule, i-EFF ithole ulwazi olubalulekile kokubili ekuqapheni nasekuphatheni. Kulesi sisekelo, i- EFF yethula izibopho zoMasipala Babantu.

E. IZIBOPHO ZE-EFF

a) Omasipala be-EFF ngoMhlaba Nomnotho Wezolimo

I-EFF iyasibona isifiso somlando esiqhubekayo sabantu sokuthola umhlaba kanye nokwehluleka okuphindaphindiwe kukahulumeni we-ANC ukusixazulula. Esikhathini esiseduze kuya kwesifushane, inhloso yabo bonke omasipala be-EFF ukuthola ngenkuthalo umhlaba wokuhlala, wezenkolo, wezohwebo kanye nowezolimo. Ngaphezu kwalokho, bonke omasipala be-EFF bazomisa ukudayiswa komhlaba ophethwe ngumasipala futhi bawabele imiphakathi yabantu abamnyama ukuze usatshalaliswe kabusha.

Omasipala be-EFF bazokwenza lokhu okulandelayo:



1. Basebenzise amandla abo okuthatha umhlaba ukuze bathathe umhlaba kanye nezakhiwo ezilahliwe, bakwenze kutholakale kubantu abasha ukuze bakusebenzisele ezolimo kanye neminye imisebenzi yamabhezini.
2. Babekele abantu abaphila nokukhubazeka phakathi kuka-5% no-10% womhlaba osatshalaliswe kabusha, kugxilwe ekusekelweni kwezolimo kanye nemishini efinyelelekayo.
3. Bakhe uhlelo olucacile, oluqondene nendawo lokuguqulwa komhlaba oluhlenganisa isu lentuthuko yasemakhaya edidiyelwe futhi esimeme. Lolu hlelo kumele lugxile ekunciphiseni ubumpofu basemakhaya ngokusebenzisa ngobuhlakani izinsiza ezikhona ezindaweni ezibhekiswe kuzo.
4. Benze umhlaba oseduze nezikhungo zasemadolobheni utholakale ukuze kwakhiwe izindawo zokuhlala, ngaleyo ndlela kubhekwane nesidingo esiphuthumayo sokuguqulwa komhlaba wasemadolobheni.
5. Bangene ezivumelwaneni zokusebenzisana nabaholi bendabuko ukuze kuthuthukiswe umhlaba ezindaweni abangaphansi kwegunya labo, ngenhloso yokusebenzisa umhlaba wasemakhaya ukukhuthaza intuthuko eholwa yintsha.
6. Basebenzisane namakolishi ezolimo aseduze ukuze baqinise izinsiza zokweluleka abalimi basemakhaya.
7. Basungule izikhungo zemakethe eziphethwe ngumasipala lapho bonke abalimi abasafufusa bengaletha khona imikhiqizo yabo emakethe emaphakathi.
8. Bakhe isilahlo sezilwane esimaphakathi esiphethwe ngumasipala, esihloselwe kakhulu ukusiza abalimi abasafufusa ukuthi bathengise imfuyo yabo.
9. Basize abalimi abasafufusa ukuthola amalungelo amanzi futhi babanike imishini ebalulekile yokukhuthaza intuthuko yezolimo ezifundeni ezifana neMidvaal, iRand West City neMerafong eGauteng, kanye neDr Pixley Ka Isaka Seme neNkomazi eMpumalanga.
10. Bahlukanise umhlaba ukuze kuvunyelwe ukulima okukhulu ezindaweni ezincane, kusekelwe abantu abasha abaningi ngangokunokwenzeka.
11. Baqinise ukuphoqeelwa kwemithetho yokuklanywa komhlaba ukuze kuqinisekise ukuthi awukho umhlaba wezolimo oguqulwa ukwakha izindlu noma olunye uhlobo lokusetshenziswa komhlaba.
12. Baxhumane neminyango yoMbuso ephethe umhlaba kulaba masipala ukuze umasipala anikezwe ilungelo lokuqala lokwenqaba lapho kudayiswa noma kudluliswa umhlaba woMbuso. Lokhu kuqinisekisa ukuthi umasipala uyakwazi ukuthola umhlaba odingekayo ezinhlelweni zokuguqulwa komhlaba ezingeni lendawo.



13. Bahlonze futhi basebenzisane nezinhlangano zobunikazi bomphakathi kulaba masipala ukuze banikeze ukuqeqeshwa nokwesekwa ngemva kokuhlaliswa.
14. Bahlonze futhi bakhuthaze amaphrojekthi okunisela kancane emhlabeni otholakalayo ukuze kuthuthukiswe ukulima kwabalimi abancane okumelana nokuguquka kwesimo sezulu, ngenhloso yokudala okungenani imisebenzi yentsha engama-500 kumasipala ngamunye ngesikhathi sokuqala sokuphatha.

b) Omasipala be-EFF Ngemindeneni Empofu Nezidingo Eziyisisekelo Zamahhala

Omasipala be-EFF bazokwenza lokhu okulandelayo:

1. Bakhe omasipala abaqinisekisa ukuthi wonke umuntu uthola izidingo eziyisisekelo ngokuthembekile nangentengo efinyelelekayo njengesisekelo sesithunzi somuntu nokubamba iqhaza emnothweni.
2. Baqinisekise ukuthi yonke imindeneni empofu efanelekile ithola izidingo eziyisisekelo mahhala njengesibopho somthethosisekelo nentuthuko.
3. Babhalise ngokuzenzakalela bonke abamukeli bezibonelelo ze-SASSA abafanelekile kanye neminye imindeneni empofu kungakapheli izinsuku ezingama-90 bethathe izintambo, besebenzisa izinhlelo zomasipala ezididiyelwe zabahlwempu, futhi basuse izithiyo zokuphatha ezivimbela imindeneni efanelekile ekutholeni ukwesekwa.
4. Banikeze amanzi, ugesi, ukuthuthwa kwendle kanye nokuqoqwa kukadoti okuyisisekelo mahhala kuyo yonke imindeneni empofu, okuhlanganisa ehlala ezindaweni ezingahlelekile, ezindlini ezingemuva kwamagceke kanye nasemiphakathini yasemakhaya.
5. Basule zonke izikweletu zomlando zemindeneni empofu, bethule izinhlelo zokuvuselela izikweletu ukuze kuvinjelwe ukunqwabelana kwezikweletu ezintsha, futhi baqede ukunqanyulwa kwezidingo njengendlela yokujezisa imindeneni efanelekile.
6. Bathumele izikhungo zomasipala ezihambayo kanye nosonhlalakahle ngqo emakhaya abantu abalala embhedeni, asebekhulile kanye nabakhubazeke kakhulu ukuze bababhalise kusizindalwazi sabahlwempu ngaphandle kokubaphoqa ukuba baye emahhovisi kamasipala.
7. Babeke otolika abaqeqeshiwe boLimi Lwezandla LwaseNingizimu Afrika kuzo zonke izikhungo zomasipala zokunakekela amakhasimende.
8. Bandise isabelo samanzi nogesi okuyisisekelo kwamahhala sifinyelele ezingeni elisekela ukupheka, ukufudumeza, impilo, isithunzi kanye nemisebenzi emincane yezomnotho.



9. Bethule izinhlelo zamanani ezikhulayo ezivikela imindeni empofu futhi ngesikhathi esifanayo ziqinisekisa ukusimama kwezimali zomasipala esikhathini eside.
10. Basungule iMihlangano Yesabelomali Sabantu esekelwe ezigcemeni ukuze kuqinisekise ukuthi imiphakathi ibamba iqhaza ngqo ekuqapheni izidingo eziyisisekelo zamahhala, ukwesekwa kwabahlwempu kanye nezinhlelo zamanani.
11. Baqinisekise ukuthi izidingo eziyisisekelo zithembekile, ziphephile futhi zisezingeni eliphezulu, futhi baphathe ukulethwa kwezidingo njengento ebalulekile yentuthuko kunokuba kube umsebenzi wokwenza inzuzo.

c) Omasipala be-EFF ngokuNciphisa Izindleko Zokuphila Eminideni Yabasebenzi Nengeniso Ephakathi

I-EFF iyabona ukuthi ukukhuphuka kwezindleko zokuphila akuthinti imindeni empofu kuphela, kodwa kuthinta nemindeni yabasebenzi kanye nengeniso ephakathi. Othisha, abahlelengikazi, amaphoyisa, izingcweti, ochwepheshe kanye nabanye abantu abaningi abasebenzayo baya ngokuya behluleka ukumelana nokukhuphuka kwezindleko zezidingo zomasipala.

Ukuze basekele le mindeni, omasipala be-EFF bazokwenza lokhu okulandelayo:

1. Bethule izindlela zokweseka eziqondiswe emindenini yabasebenzi kanye nengeniso ephakathi ebhekene nobunzima bezezimali.
2. Banikeze usizo lwesikhashana ngamanani alungisiwe, izibonelelo, izinhlelo zokukhokha ezifinyelelekayo kanye nezinhlelo zokunciphisa izikweletu zomasipala.
3. Bethule izinhlelo zokuxwayisa kusenesikhathi ezisebenzisa imininingwane yokukhokhiswa nokukhokha ukuhlonza imindeni esengozini yezinkinga zezezimali, futhi bangeenelele ngaphambi kokuba isikweletu singasalawuleki.
4. Bavimbele ukunqwabelana kwezikweletu zemindeni ezingasimeme ngokungenelela kusenesikhathi, ukwesekwa ngezimali kanye nezinhlelo zokukhokha ezingokoqobo.
5. Baqinisekise ukuthi ukufinyelela ezindleleni zokwesekwa ngumasipala kulula, kunesithunzi futhi akunamaphepha angadingekile.

d) Omasipala be-EFF Ngamandla Angaphakathi Nokubuyiselwa Kwemisebenzi Ngaphakathi

Omasipala be-EFF bazokwenza lokhu okulandelayo:



1. Ezinyangeni ezingama-24 ezizayo, baqashe abasebenzi bomasipala ngqo ukuze banciphise ukuthembela kubadayisi babasebenzi namathenda emisebenzini ebalulekile yomasipala.
2. Bakhe ukuphatha komasipala okunekhono, kobuchwepheshe nokuziphatha okuhle, okuqashwe onjiniyela, abahleli, izingcweti, abaphathi bezezimali, abaphathi kanye nabanye ochwepheshe abanamakhono.
3. Baqinise ubungcweti ekuphathweni komasipala ngokuqasha ngokusekelwe ekufanelekeni, ezifundweni, ekhonweni, kokuhlangenwe nakho kanye nobuholi obunokuziphatha okuhle.
4. Basungule amandla angaphakathi kamasipala ahlala njalo okwenza ukunakekelwa, ukuphathwa kukadoti, ukuphepha, ukuthuthukiswa kwengqalasizinda kanye nezinye izidingo ezibalulekile.
5. Baqinise amandla okuhlela nokuphatha amaphrojekthi ukuze kuqinisekise ukuthi izabelomali zomasipala, amaphrojekthi engqalasizinda kanye nezinhlelo zokuthuthukisa umnotho zihlelwa futhi zenziwa ngendlela efanele.
6. Bathuthukise ukuphathwa kwezimali, ukuqoqwa kwemali engenayo kanye nezinhlelo zesabelomali ukuze kuqinisekise ukuthi izinsiza zomasipala zisetshenziswa kahle futhi ziqondiswe ekulethweni kwezidingo.
7. Babuyise wonke imali ekweletwa omasipala yiminyango kahulumeni, amabhizinisi kanye nabanye abakweletayo abakhulu, bebe bevikela imindeneni empofu.
8. Baguqule izinhlelo zokuthenga ukuze kuqedwe inkohlakalo, ukukhohlisa nokumosha ngezinqubo ezisobala, ezinobulungiswa nezinesibopho.
9. Bashicilele wonke amathenda, imiklomo nezinkontileka, baphoqelegele imiphumela eqinile yenkohlakalo futhi bavimbele izinkampani nabantu abatholwe benecala ekwenzeni ibhizinisi nomasipala.
10. Basebenzise ukuthenga kukamasipala ukweseka ukuthuthukiswa komnotho wendawo, ukudalwa kwemisebenzi, imifelandawonye, ama-SMME kanye namabhizinisi asemalokishini.
11. Baqinisekise ukuthi zonke izinsiza ezikhethekile ezikhishwe ngaphandle zihlanganisa ukudluliswa kwamakhono kanye nezinhlelo zokwakha amandla ukuze kuqiniseke ikhono likamasipala.
12. Bavuselele ukuphathwa komasipala ngokuguqulwa okuphelele kwedijithali kokukhokhisa, ukunakekelwa kwamakhasimende, ukuphathwa kwezikhalazo, izimvume, amalayisensi, ukuxhunywa kwezidingo kanye nezinhlelo zangaphakathi zokusebenza.
13. Basekele ukuphatha ezakhiweni zomphakathi ngemihlangano ejwayelekile yokuphendula ezigcemeni, izindlela zokubuyisa imibono



ngokulethwa kwezidingo, izinkundla zokuhlela ngokubamba iqhaza kanye nezikhungo zomasipala ezitholakala kalula ezihlinzeka ngezidingo endaweni eyodwa.

14. Bethule imigomo ecacile yokusebenza, izinhlelo zokuqapha kanye nezindlela zokuphendula zabasebenzi bomasipala, abaphathi abaphezulu kanye nobuholi bomasipala.

e) Omasipala be-EFF Ngemisebenzi Nama-SMME

I-EFF iyabona ukuthi omasipala banamandla amakhulu okumunca abasebenzi, ukudala imisebenzi kanye nokukhuthaza ukuthuthukiswa komnotho wendawo ngesikhathi bakha amandla angaphakathi okuletha izidingo ngendlela esebenzayo. Omasipala be-EFF bazosebenzisa la mandla ukudala imisebenzi, ukunciphisa ukungasebenzi, ukuqinisa amandla kamasipala kanye nokukhuthaza ukukhula komnotho wendawo okubandakanya wonke umuntu.

Omasipala be-EFF bazokwenza lokhu okulandelayo:

1. Babuyisele ngaphakathi ezokuphepha, ukuhlanza, ukuqoqwa kukadoti, ukunakekelwa kanye nezinye izidingo eziyinhloko zomasipala ukuze bakhe imisebenzi ehlala njalo.
2. Basungule amayunithi ezingcweti zikamasipala ezokufaka amapayipi, ugesi, ukunakekelwa kwemigwaqo, ukwakha kanye nokulungisa ingqalasizinda, kugxilwe ekuqashweni kwabesifazane, intsha kanye nezakhamuzi zendawo.
3. Basebenzise izinhlelo zomasipala zokufundela umsebenzi, zokuqeqeshelwa umsebenzi kanye nokuthuthukiswa kwamakhono ezixhumene nokulethwa kwezidingo, ingqalasizinda kanye namaphrojekthi okunakekelwa.
4. Bakhe iminoto yendawo eqinile ngokweseka ama- SMME, imifelandawonye, amabhizinisi asemalokishini kanye nabadayisi abangahlelekile ngamathuba okuthenga, ukwesekwa kwamabhizinisi kanye nokufinyelela ezimakethe ezindaweni ezifana neMzumbe Ward 19 KwaZulu-Natal, iMusina, iLepelle- Nkumpi, iPhalaborwa kanye ne-Ephraim Mogale eLimpopo.
5. Bathuthukise futhi bandise iTshakhuma Market ibe isikhungo sesimanje sokuhweba nokucubungula imikhiqizo yezolimo.
6. Babele okungenani ama-80% okuthenga kukamasipala kuma-SMME endawo, imifelandawonye kanye namabhizinisi asemalokishini.
7. Benze ukuhweba okungahlelekile kube semthethweni futhi bakusekele ngokuhlinzeka izindawo zokuhweba, izindawo zokugcina impahla,



amanzi, ukuthuthwa kwendle, ugesi kanye nemithetho kamasipala esekelayo.

8. Basungule izikhungo zomasipala zokweseka ezihlinzeka ngokubhaliswa kwamabhizinisi, ukwesekwa kokuhambisana nemithetho, ukwelulekwa, ukwesekwa kwezezimali kanye nokufinyelela ezimakethe kwamabhizinisi asafufusa.
9. Basungule izimakethe zomasipala, izindawo zokugcina, ingqalasizinda yokugcina izinto zibanda kanye nezikhungo zezokuthutha ukuze baxhumanise abakhiqizi abancane, abadayisi, imifelandawonye kanye namabhizinisi angahlelekile nezimakethe ezisimeme.
10. Bathuthukise izikhungo zezimboni zasemalokishini nasemakhaya ukuze zisekele ukukhiqiza, ukucubungula imikhiqizo yezolimo, izinsiza kanye nokukhiqizwa kwendawo.
11. Bahlanganise abaqoqi bakadoti kanye namanye amabhizinisi omphakathi ezinhlelweni ezisemthethweni zomasipala ngokubanikeza iholo elifanele, izinhlelo zokweseka kanye namathuba omnotho asimeme.
12. Basungule izikhungo zokusungula amasu amasha nezamabhizinisi zentsha ezinikeza amakhono edijithali, ukwesekwa kwamabhizinisi, imishini kanye namathuba emabhizinisini aphethwe yintsha.

f) Omasipala be-EFF Ngezemidlalo, Ubuciko Namasiko

Omasipala be-EFF bazokwenza lokhu okulandelayo:

1. Basuse izithombe eziyizikhumbuzo zenkathi yobandlululo, baqambe kabusha imigwaqo, amadolobha kanye nezindawo zomphakathi ezidumisa ubukoloni nobandlululo, futhi bafake amagama nezimpawu ezibonisa umlando, amaqhawe kanye nezifiso zabantu baseNingizimu Afrika.
2. Balondolozwe futhi bakhuthaze umlando, amasiko kanye namagugu ase-Afrika ngamamnyuziyamu, izikhumbuzo, ubuciko bomphakathi kanye nokwakhiwa kwezikhumbuzo ezihlonipha abaholi base-Afrika nabalwa nobukoloni.
3. Bakhe, bagcine futhi bathuthukise izikhungo zezemidlalo, imitapo yolwazi, amapaki, izikhungo zokungeceleleka, izinkundla kanye nezinye izikhungo zomphakathi, kugxilwe emalokishini, ezindaweni ezingahlelekile kanye nasemiphakathini yasemakhaya.
4. Baqinisekise ukuthi zonke izinkundla zomasipala, amahholo omphakathi, amachibi okubhukuda omphakathi kanye nezikhungo zobuciko kufakwe amarampa asebenzayo, izihlalo ezifinyeleleka



ngezihlalo ezinamasondo kanye namagumbi okushintsha aguqulelwe abantu abakhubazekile.

5. Basebenzisane nezinhlango zendawo zabantu abakhubazekile ukuze kuqinisekiswa ukuthi izintshisekelo zezemidlalo, zobuciko nezamasiko zabahlali abakhubazekile esigcemeni ngasinye ziyahlonzwa futhi zibekwe phambili.
6. Baqinisekise ukuthi isigceme ngasinye sifinyelela ezikhungweni zokungcebeleka eziphephile, ezindaweni zokuzivocavoca zangaphandle, engqalasizindeneni yezemidlalo kanye nasezindaweni zomphakathi zemisebenzi yokuzijabulisa, yamasiko neyokungcebeleka.
7. Basebenzisane nezikole, izinhlangano zezemidlalo kanye nezinhlango zomphakathi ukwandisa ukubamba iqhaza kwezemidlalo, ezokungcebeleka, ubuciko namasiko, ikakhulukazi entsheni, kwabesifazane nakubantu abakhubazekile.
8. Baphathe njalo imicimbi yezemidlalo, yamasiko neyamagugu ukuze bakhuthaze ukubumbana komphakathi, ithalente lendawo kanye nokubamba iqhaza komphakathi.
9. Basungule izikhwama zomasipala zobuciko, amasiko namagugu ukuze basekele abaculi, abenzi bomculo, abenzi bamafilimu, ababhali, abalingisi kanye nabanye abasebenzi bokudala.
10. Basekele abaculi bendawo namabhizinisi okudala ngokubanikeza izikhungo, imishini, amathuba okuqeqeshwa, imibukiso yomphakathi, imicimbi yomasipala, imikhosi kanye namathuba okuthenga.
11. Basekele iziteshi zomsakazo zomphakathi, amaphephandaba endawo kanye nezinkundla zabezindaba zomphakathi njengamathuluzi entuthuko yendawo, ukwabelana ngolwazi kanye nokuveza amasiko.
12. Basungule izikhungo zobuciko namasiko, izikhungo zomphakathi ezinezinhloso eziningi kanye nezikhungo zokudala ukuze basekele ukukhiqizwa kwamasiko, ukuqeqeshwa kanye nokuthuthukiswa kwamabhizinisi.
13. Bakhuthaze ukukhula kwezimboni zamasiko nezobuciko njengabanikeli emisebenzini, entuthukweni yomnotho, enhlalakahleni yomphakathi nasekuvimbeleni ubugebengu.
14. Basekele ukukhiqizwa kwendawo kanye namabhizinisi aphethwe ngabantu abamnyama ekuthengweni kwemishini yezemidlalo, yamasiko neyokungcebeleka.
15. Baqinisekise ukuthi izinhlelo zezemidlalo, ubuciko, amasiko namagugu zibandakanya wonke umuntu futhi zifinyeleleka kwabesifazane, intsha kanye nabantu abakhubazekile.



16. Basebenzise ezemidlalo, ubuciko, amasiko namagugu njengamathuluzi okwakha imiphakathi enempilo, ebumbene nephilayo ngesikhathi kuthuthukiswa inkululeko yezomnotho nentuthuko yomphakathi.

g) Omasipala be-EFF ngokuLingana Kobulili, UkuPhepha nokuThuthukiswa koMphakathi

Omasipala be-EFF bazokwenza lokhu okulandelayo:

1. Baphoqelegele ukuthi okungenani ama-50% obuholi bomasipala, abaphathi, abasebenzi, amathuba okuthenga kanye nezinhlelo zokuthuthukisa umnotho amelwe ngabesifazane.
2. Basungule Amayunithi Okulingana Kobulili kanye nezindlela zokuqapha ukuze kuqinisekисwe ukufezwa kwezinhloso zokulingana kobulili futhi kuhlelwe izinhlelo zokunikeza amandla abesifazane namantombazane.
3. Bethule ukwabiwa kwezimali okubhekele ubulili ukuze kuqinisekисwe ukuthi izinsiza zomasipala zifaka isandla ngqo ekuthuthukisweni kwabesifazane.
4. Basebenzise izinhlelo ezilwa nokubusa kwamadoda, ukucwaswa ngobulili kanye nodlame olubhekiswe kwabesifazane ngemfundo, ukuqwashisa, ukuhlanganisa umphakathi kanye nokubamba iqhaza kwamadoda ekulweni nodlame olusekelwe kubulili nokubulawa kwabesifazane.
5. Basebenzisane nabaholi bendabuko, izinhlangano zezenkolo, izinhlangano zomphakathi, izinhlangano zomphakathi ezizimele kanye nezinhlelo zokuphoqelegele umthetho ukukhuthaza ukulingana kobulili nokususa imikhuba elimazayo ehlukumeza amalungelo abesifazane namantombazane.
6. Babeke phambili abesifazane, ikakhulukazi imindeni eholwa ngabesifazane, ezinhlelweni zomasipala zokubanika amandla kwezomnotho, ukwesekwa kwabahlwempu, izindlu kanye nentuthuko yomphakathi.
7. Bakhe amathuba emisebenzi, ukuthuthukiswa kwamakhono, osomabhizinisi kanye nokuthenga aqondiswe kwabesifazane kuyo yonke imikhakha yomnotho wendawo.
8. Basungule izindlela eziphephile nezifinyelelekayo zokubika udlame olusekelwe kubulili, ukuhlukunyezwa ngokocansi, ukuxhashazwa nokuhlukunyezwa, zisekelwe izisebenzi zokuphoqelegele umthetho zikamasipala kanye nezinhlelo zokuphepha komphakathi eziqeqeshwe kahle.



9. Basekele abasinde odlameni olusekelwe kubulili ngezindawo zokukhosela, izindawo zokuphepha, izinsiza zokwelulekwa kanye nezinhlelo zokweseka ezisekelwe ezigcemeni.
10. Basebenzisane neSouth African Police Service kanye nezinhlelo zokuphepha komphakathi ukulwa nokuphoqwa kwemali, udlame kanye namanethiwekhi obugebengu aqondiswe kubadayisi abangahlelekile, amabhizinisi asemalokishini, izindawo zokwakha, imizila yezokuthutha kanye nemiphakathi esengozini.
11. Bafake kuzo zonke iziteshi zamaphoyisa zomasipala nezindawo zokukhosela eziphuthumayo izindawo zokungena ezifinyeleleka ngezihlalo ezinamasondo, amarampa kanye namagumbi ayimfihlo okwelulekwa.
12. Bavimbele abantu namabhizinisi axhumene nodlame olusekelwe kubulili, ukudlwengula, ukuhlukunyezwa kwezingane, ukuxhashazwa, ukuphoqwa kwemali noma ubugebengu obuhleliwe ukuthi bazuze emathubeni okuthenga kamasipala.
13. Baqinise izinsiza zezempilo zabomama, zokuzala kanye nezempilo eziyisisekelo ngemitholampilo yomasipala enezinsiza ezingcono, abasebenzi bezempilo abengeziwe kanye nezinhlelo zokweseka ezisekelwe emphakathini.
14. Baqinisekise ukuthi ingqalasizinda kamasipala, okuhlanganisa amanzi, ukuthuthwa kwendle, izibani zomphakathi, imigwaqo kanye nezindawo zomphakathi, yakhiwa futhi igcinwa ngendlela ethuthukisa ukuphepha, isithunzi kanye nokuhamba kwabesifazane.
15. Bavikele amalungelo nesithunzi samaqembu asengozini, okuhlanganisa izingane, asebekhulile, abantu be-LGBTQIA+ kanye nabasebenzi bocansi, ngezidingo nezinhlelo zomasipala ezibandakanya wonke umuntu.
16. Basekele imifelandawonye eholwa ngabesifazane, amaphrojekthi ezolimo, amabhizinisi asemalokishini kanye nezinye izinhlelo zomnotho ezisekelwe emphakathini ngosizo lukamasipala oluqondisiwe.
17. Basungule izinhlelo nemikhankaso yokulwa nezidakamizwa, ukukhulelwa kwentsha, udlame olusekelwe kubulili kanye nokuwohloka komphakathi, ngesikhathi kukhuthazwa ukwesekwa kwemindeni, ukubumbana komphakathi kanye nokuvuselelwa kokuziphatha.
18. Bethule izindlu zangasese ezingakhethi bulili kuzo zonke izikhungo zomasipala, imitapo yolwazi, izikhungo zezokuthutha kanye namahhlo omphakathi.
19. Basebenzise imikhankaso yezemfundo nokuqwashisa ezikoleni nasemiphakathini ngokuvimbela ukudlwengula, udlame olusekelwe kubulili kanye nezindlela zokubika ezitholakalayo kwabasindile.



h) Omasipala be-EFF Ngezempilo

Omasipala be-EFF bazokwenza lokhu okulandelayo:

1. Bandise ukufinyelela ezinsizeni eziphelele zezempilo eziyisisekelo, okuhlanganisa ezempilo zocansi nokuzala, ezempilo zabomama, ukunakekelwa kwe- HIV, izinsiza zempilo yengqondo kanye nokwesekwa ngokwengqondo nangokwenhlalo.
2. Bathumele izikhungo zezempilo ezihambayo kanye nabasebenzi bezempilo bomphakathi ukuhlinzeka ngezinsiza zezempilo, ukuhlolwa, ukudluliselwa kanye nokunakekelwa okulandelayo emiphakathini yasemakhaya, esemaphethelweni amadolobha nengahlinzekwa kahle.
3. Babeke otolika abaqeqeshiwe boLimi Lwezandla LwaseNingizimu Afrika kuzo zonke izikhungo ezinkulu zezempilo.
4. Baqeqeshe abamukeli basemitholampilo, abasebenzi bokuphatha, abahlengikazi kanye nabasebenzi bezempilo bomphakathi ngamalungelo abantu abakhubazekile, ukuxhumana ngenhlonipho kanye namasu aphephile okuhambisa umuntu ngokomzimba.
5. Baqede imigqa emide yeziguli ezisengozini ngokusungula imigqa ephoqekile ebekwa phambili emitholampilo kanye nokunikeza izihlalo ezikhethekile ezisekelayo.
6. Bandise amahora okusebenza emitholampilo futhi bathuthukise kancane kancane imitholampilo esebenza amahora ayi-12 nangama-24 komasipala lapho isidingo nezinsiza kuvuma khona.
7. Balungise iTshisaulu Clinic, iMakwavela Clinic kanye neTshidimbini Clinic futhi bakhe izikhungo ezintsha zezempilo ukuze bandise ukufinyelela kwezempilo nokunciphisa ukuminyana.
8. Bethule izinhlelo zedijithali zokuphatha iziguli nokwenza ama-aphoyintimenti ukuze bancedise isikhathi sokulinda, bathuthukise ukusebenza futhi bavikele ubumfihlo beziguli.
9. Baqinise ukunakekelwa kweziguli ngokuphoqelesa izindinganiso zobungcweti, izimiso zokwelapha kanye namalungelo eziguli ngokuqeqeshwa okuqhubekayo nezindlela zokuphendula.
10. Baqashe, baqeqeshe futhi bagcine abasebenzi bezempilo, okuhlanganisa abasebenzi bezempilo bomphakathi, abahlengikazi kanye nabanye abasebenzi abasemgqeni wokuqala, ukuze bathuthukise ukufinyelela kwezempilo esezingeni.
11. Baqinisekise ukuthi zonke izikhungo zezempilo zomasipala zithola ugesi namanzi ngokuthembekile, amandla ayisipele kanye nezidingo ezibalulekile ukuze kuvinjelwe ukuphazamiseka kokulethwa kwezempilo.



12. Bathuthukise imigwaqo, imizila yezokuthutha kanye nengqalasizinda esekelayo eholela emitholampilo nasezikhungweni zezempilo ukuze kuthuthukiswe ukufinyelela kweziguli, ama-ambulensi nezinsiza eziphuthumayo.
13. Basungule amayunithi okweseka izisulu kanye nezikhungo zabasinde odlameni olusekelwe kubulili ezisekelwe ezigcemeni, ezinikeza izinsiza zokwelapha, zomthetho, zobufakazi, zengqondo nezenhlalo.
14. Bathuthukise ezempilo zabomama, izingane nezokuzala ngokuqeqeshwa okukhethekile, izikhungo ezithuthukisiwe, ukunakekelwa ngemva kokubeletha kanye nezinhlelo zokweseka omama, izingane nabasebenzi bezempilo.
15. Baqinisekise ukuhlinzekwa njalo kwamaphedi enhlanzeko amahhala emitholampilo yendawo nasezikhungweni zezempilo zomphakathi.
16. Banikeze izinsiza ezikhethekile, okuhlanganisa ukwelashwa kwenkulumo kanye nokwesekwa kokukhula kwezingane ezinezidingo ezikhethekile.
17. Banikeze ukwesekwa okuqondisiwe emaqenjini asengozini, okuhlanganisa abantu abakhubazekile, abantu be-LGBTQIA+, abafuduki, abantu abaphila ebumpofini kanye nabasinde odlameni olusekelwe kubulili.
18. Baphoqelegele izinhloso zesikhathi sokuphendula kwama-ambulensi esingadluli imizuzu engama-20 ezindaweni zasemadolobheni nemizuzu engama-30 ezindaweni zasemakhaya.
19. Bahlanganise abelaphi bendabuko abaqinisekisiwe ezinhlelweni zezempilo zendawo futhi bahlinzeke ingqalasizinda enesithunzi yokufinyelela emithini yendabuko neyomdabu kanye nokunakekelwa kwesimanje.
20. Basungule izingadi zemifino eziphethwe umphakathi ezixhunywe emitholampilo ukuze zisekele izinhlelo zokudla okunempilo kanye nokuvikeleka kokudla kwemindeni esengozini.
21. Bamukele abasebenzi bezempilo bomphakathi njengabasebenzi bomasipala ukuze benze izinhlelo zokufinyelela emakhaya ngezempilo, ukudla okunempilo kanye nokukhula kwezingane.
22. Bakhe izikhungo zomasipala zokuhlunyeleliswa kwezimilo futhi basebenzise izinhlelo ezisekelwe emphakathini zokulwa nokusetshenziswa kabi kwezidakamizwa nezinye izinto, ikakhulukazi entsheni, ezindaweni eziyingozi ezihlonziwe emiphakathini yasemakhaya, emalokishini nasemadolobheni amakhulu.
23. Basebenzisane nezikole, izikhungo zezempilo, izinhlangano zomphakathi ezizimele kanye nezinhlangano zomphakathi ukuqhuba izinhlelo zokuqwashisa nokufundisa ngemiphumela elimazayo



yezidakamizwa, utshwala nokubhema, ngesikhathi kukhuthazwa izindlela zokuphila ezinempilo.

i) Omasipala be-EFF Ngamandla Nogesi

Omasipala be-EFF bazokwenza lokhu okulandelayo:

1. Baphathe ugesi njengento yomphakathi ethuthukisayo hhayi njengomsebenzi wokwenza inzuzo.
2. Bamise izindleko ezengeziwe kumamitha akhokhelwa kusengaphambili, bafake la mamitha mahhala, futhi basuse ukunuswa kwentengo okungenasidingo ngabathengisi bakagesi abangabantu besithathu.
3. Babuyisele ukulawula okuphelele kukamasipala ekukhokhisweni kukagesi, ekusatshalalisweni kanye nasekuphathweni kwemali engenayo.
4. Baqinise ukuqoqwa kwemali engenayo ngezinhlelo zokukhokhisa ezithuthukisiwe, amamitha ahlakaniophile kanye nokuphoqeleta okufanele kulabo abasebenzisa kakhulu abangakhokhi.
5. Bafake izinhlelo zesimanje zamamitha angenakonakaliswa futhi benze ukuxhunywka kukagesi kube semthethweni ezindaweni ezingahlelekile ukuze kuthuthukiswe ukuphepha nokuqoqwa kwemali.
6. Bandise ukufinyelela emishinini yamandla avuselelekayo, okuhlanganisa amaphaneli elanga, izifudumezi zamanzi zelanga kanye nezinhlelo zokugcina amandla ngamabhethri emindenini.
7. Baqashe ngqo amaqembu onjiniyela, abasebenza ngogesi, ochwepheshe kanye nezingcweti ukuze banakekele ingqalasizinda kagesi kamasipala.
8. Bathuthukise, bandise futhi bagcine iziteshi ezingaphansi, iziguquli zikagesi kanye namanethiwekhi okusabalalisa ugesi ukuze kuthuthukiswe ukuthembeka futhi kuncishiswe ukuphazamiseka emiphakathini ehlinzekwayo eNingizimu Afrika.
9. Babeke phambili ukufakwa kukagesi ezindaweni ezingahlelekile, emiphakathini yasemakhaya nakwezinye izindawo ezingahlinzekwa kahle, ngesikhathi benweba izibani zomphakathi nezibani eziphakeme ukuze kuthuthukiswe ukuphepha komphakathi.
10. Basungule amaqembu akhethekile ezobuchwepheshe aphenula ngokushesha ukuze abhekane namaphutha kagesi, ukunqamuka, ukwehluleka kweziguquli kanye nokubhidlika kwengqalasizinda, ngesikhathi sokuphendula esiphuthumayo esingadluli ihora elilodwa.
11. Baguqule yonke ingqalasizinda kagesi kamasipala ibe yedijithali, okuhlanganisa iziteshi ezingaphansi, iziguquli, imigqa yokuphakela,



izindawo zamamitha kanye nokuxhunywa kwezidingo, ngezinhlalo ezididiyelwe zokuqapha ezihlakaniphile ukuze kutholakale amaphutha, kuqashelwe ukucekelwa phansi, kuhlonzwe ukonakaliswa kwamamitha futhi kuthuthukiswe ukunakekelwa nokuhlelwa kwengqalasizinda.

12. Banikeze ukwesekwa okuqondisiwe, izinhlelo zokuvuselela izikweletu kanye nezinhlelo zokukhokha ezifinyelelekayo emindenini ebhekene nobunzima bezezimali.
13. Bavimbele ukunqanyulwa kukagesi okungenasidingo emindenini ebambe iqhaza ezinhlelweni ezigunyaziwe zokunciphisa nokuvuselela izikweletu.
14. Bathuthukise amandla omasipala okukhiqiza ugesi, okuhlanganisa amaphrojekthi omphakathi wamandla avuselelekayo, ngokubambisana no- Eskom nezinye izikhungo zomphakathi.
15. Basebenzise ukukhiqizwa kwamandla ngumasipala ukunciphisa izindleko zikagesi, ukuqinisa ukuvikeleka kwamandla kanye nokweseka ukuthuthukiswa komnotho wendawo nokuvuselelwa kwezimboni.

j) Omasipala be-EFF Ngomnotho Nokuvuselelwa Kwezimboni

Omasipala be-EFF bazokwenza lokhu okulandelayo:

1. Baqhubekisele phambili ukuthuthukiswa kwezimboni kwendawo ukuze omasipala baguqulwe basuke ezikhungweni zokusebenzisa babe yizikhungo zokukhiqiza, zokuqasha kanye nomsebenzi wezomnotho.
2. Bafune ukuthi izikhungo zezezimali zinikeze izimpahla ezinqunyiwe futhi baqinisekise ukuthi okungenani ama-80% ezinto ezithengwa ngumasipala zitholakala endaweni.
3. Balwele izimpahla ezinqunyiwe kanye nezindlela zokuxhasa intuthuko eziqondisa utshalomali engqalasizindenini yomasipala, ezimbonini kanye nasemnothweni wendawo okhizayo.
4. Bahlele kabusha ama-Municipal Development Agencies ukuze baqinisekise ukuthi asekelwe izimboni, ukuthuthukiswa komnotho wendawo kanye nokudalwa kwemisebenzi.
5. Basungule amapaki ezimboni asemalokishini nasemakhaya agxile ekukhiqizeni, ekucubunguleni imikhiqizo yezolimo, ezintweni zokwakha, ezinsizeni zokulungisa nakweminye imikhakha ekhizayo.
6. Baqinisekise ukuthi zonke iziNdawo Ezikhethekile Zomnotho kanye namapaki ezimboni kamasipala axhunywe kumanethiwekhi ezokuthutha zomphakathi afinyeleleka kalula.



7. Bathuthukise izikhungo zokukhiqiza eziphethwe ngumasipala, izindawo zokusebenza ezabelwana ngazo kanye nengqalasizinda yezimboni ukuze basekele ama-SMME, imifelandawonye kanye namabhizinisi asafufusa.
8. Basekele ukucubungulwa kwemikhiqizo yezolimo kanye namaketanga enani endawo axhumanisa abalimi, abakhiqizi, abacubunguli kanye nezimakethe embonini yezithelo ezisawolintshi yaseGreater Giyani, Greater Tzaneen nase-Elias Motsoaledi.
9. Bandise amathuba abantu abamnyama, abesifazane kanye nentsha okubamba iqhaza ekukhiqizeni, ebunikazini nasemisebenzini yezomnotho.

k) Omasipala be-EFF Ngezindawo Zokuhlala Zabantu

Omasipala be-EFF bazokwenza lokhu okulandelayo:

1. Basebenzise izinhlelo ezibekelwe isikhathi ezihlose ukususa ukusilela kwezindlu, ezinezinhlalo zonyaka ezicacile, uhlu lokulinda lwezindlu olusobala kanye nezinhlelo zokuletha ezilandeleva kalula ngokubambisana nohulumeni wesifundazwe nowezwe.
2. Bathuthukise futhi babele iziza ezinezidingo eziyisisekelo emindenini efanelekile njengempendulo esheshayo enkingeni yezindlu ngesikhathi kuqhubeka imizamo yezixazululo zesikhathi eside.
3. Basungule irejista ekhethekile yezindlu yabantu abakhubazekile ukuze iqophe futhi ilandelele izidingo zabafakizicelo abakhubazekile, iqinisekise ukuhambisana kwezindlu nezidingo zabo.
4. Bahlele kabusha, benze kube semthethweni futhi bathuthukise izindawo ezingahlelekile ngesikhathi beqinisekisa ukufinyelela ezidingweni eziyisisekelo, emigwaqweni, engqalasizindenini yamanzi ezikhukhula kanye nasekuvikelekeni kokuhlala.
5. Babeke phambili iziza ezinezidingo kanye nezindawo zokuhlala zabantu ezididiyelwe ezindaweni lapho ukwakhiwa kwezindlu ngokushesha kubambezilekile khona.
6. Basungule futhi baqinise izikhungo zomphakathi zezindlu zomphakathi ukuze zithuthukise, zibe ngabanikazi futhi ziphathe izindlu zokuqasha ezifinyelelekayo zemindenini yabasebenzi, abantu abahola imali ephakathi kanye nabafundi.
7. Balawule futhi basekele izinhlelo zezindlu ezingabizi zemindenini engafaneleki ukuthola izindlu zamahhala kodwa engakwazi ukuthola imali yezindlu ezimele.



8. Benze ukuhlolwa okuphelele komhlaba nezindlu ukuze bahlonze umhlaba ongasetshenziswa, amaphrojekthi alahliwe, izakhiwo ezithathiwe ngokungemthetho kanye namathuba entuthuko.
9. Baqede wonke amaphrojekthi ezindlu amile nalahliwe ngokungenelela kombuso ngqo, ukuphathwa kwamaphrojekthi okuqinile kanye nezindlela eziqinile zokuphendula.
10. Basungule izinhlelo ezisobala nezimaphakathi zokwabiwa kwezindlu, basheshise ukukhishwa kwamatayitela futhi baqede inkohlakalo ekulethweni kwezindlu.
11. Bavimbele ukuxoshwa kwabantu ngokungemthetho futhi baqinisekise ukuthi kunikezwa enye indawo yokuhlala lapho ukuthuthwa kudingeka khona.
12. Baguqule izakhiwo ezingasetshenziswa nezithathiwe ngokungemthetho zibe yizindlu eziphephile, ezilawulwayo nezingabizi lapho kufanele khona.
13. Babeke phambili ukwakhiwa kwezindlu zemiholo ehluahlukene ezindaweni zasemadolobheni ezibekwe kahle ukuze bahlehlise amaphethini ezindawo obandlululo futhi banciahise ukungalingani.
14. Bakhe amandla angaphakathi kamasipala okwakha, banciahise ukuthembela kosonkontileka futhi baphoqecele imiphumela eqinile yomsebenzi osezingeni eliphansi, inkohlakalo kanye nokushiywa kwamaphrojekthi.
15. Babele izindlu kubo bonke abantu abakhubazekile ezinyangeni zokuqala eziyi-12.

I) Omasipala be-EFF Ngezokudoba

Omasipala be-EFF bazokwenza lokhu okulandelayo:

1. Bathuthukise izinhlelo zentuthuko yomnotho wasolwandle ezifundeni zasogwini, ezihlose ukusebenzisa izinsiza zasolwandle ukukhulisa inzuzo yezomnotho emiphakathini yendawo ezindaweni ezifana neKnysna neMossel Bay eNtshonalanga Kapa, iNgquza Hill eMpumalanga Kapa kanye nePort Nolloth eNorthern Cape.
2. Bakhe izimakethe zezinhlanzi ezifinyelelekayo ezinezitebele zokuhweba ngezinhlanzi ezakhelwe ukusetshenziswa ngabantu abakhubazekile.
3. Baqale okungenani iphrojekthi eyodwa yokufuya izilwane zasemanzini ephethwe umphakathi kungakapheli iminyaka emibili ukuze kudalwe amathuba emisebenzi esimeme, ikakhulukazi entsheni.
4. Basungule iziKhwama Zokuthuthukisa Ezokudoba Zomasipala ezizinikele ukusiza abadobi bomdabu nabendabuko ngezikebhe, imishini



yokudoba, indawo yokugcina ebandayo, izikhungo zokucubungula kanye nengqalasizinda yokupakisha.

5. Basebenzisane nohulumeni kazwelonke ukuqinisekisa ukuthi abadobi bendawo ezindaweni ezifana neNgquza Hill, okuhlanganisa iMsikaba, iMbotyi, iGrosvenor, iMkambathiNdlambe eMpumalanga Kapa; iKnysna eNtshonalanga Kapa; kanye nePort Nolloth eNorthern Cape, bahlanganiswa ngokunomqondo emnothweni wezokudoba.
6. Bathuthukise izimboni zokufuya izilwane zasemanzini nokudoba emanzini amnandi ezinhlelweni zamanzi ezisemqoka zangaphakathi, okuhlanganisa iGariep Dam, iVaal Dam neBloemhof Dam eFree State; kanye neNandoni Dam, iFlag Boshielo Dam neTzaneen Dam eLimpopo, ukuze kwandiswe ukukhiqizwa kokudla, kudalwe imisebenzi futhi kusekelwe ukuthuthukiswa komnotho wendawo.
7. Basize amabhizinisi amancane ezokudoba nokufuya izilwane zasemanzini ngokubhalisa, ukuhambisana nemithetho kanye nokufinyelela ezimakethe, ezimalini nasekwesekweni kobuchwepheshe.

m) Omasipala be-EFF Ngamanzi, Imvelo Nokuguquka Kwesimo Sezulu

Omasipala be-EFF bazokwenza lokhu okulandelayo:

1. Bahlanganise ukuzivumelanisa nokuguquka kwesimo sezulu kanye nokusimama kwemvelo kukho konke ukuhlela nemiklamo yentuthuko kamasipala.
2. Baqinisekise ukuthi izinqubomgomo nezinqumo zomasipala ziqinisa ukumelana nokuguquka kwesimo sezulu futhi zinciphisa ubungozi bezingozi zemvelo, zomnotho nezihlobene nesimo sezulu.
3. Banikeze izaphulelo nezikhuthazo ezilinganisweni zemizi namabhizinisi atshala imali emandleni avuselelekayo kanye nobuchwepheshe obugcina imvelo.
4. Basungule izinkulisa zezitshalo zomasipala ukuze kukhuliswe izinhlobo zezitshalo zomdabu futhi kuqiniseke ukuvikelwa kwezinhlobonhlobo zemvelo.
5. Basungule amaqembu azinikele engqalasizinda yezemvelo ukuze avikele amaxhaphozi, imifula, amabhande aluhlaza kanye nezindawo ezibucayi ngokwemvelo, okuhlanganisa izindawo ezisengozini yokuguguleka komhlalathi.
6. Bakhe futhi bagcine amapaki, izindawo eziluhlaza kanye nezikhungo zemfundo yezemvelo ukuze bakhuthaze ukuqwashisa ngemvelo nenhlalakahle yomphakathi.



7. Balungise ukuvuza kwamanzi ngesikhathi esibekiwe ngemva kokubikwa futhi basungule amaqembu azinikele amapayipi kamasipala ezindaweni ezinokuvuza okuningi.
8. Basule isikweletu samanzi esinqwabelene ngenxa yokukhokhiswa okungalungile futhi banikeze ukunciphiswa kwezikweletu okuqondiswe emindenini esengozini, okuhlanganisa abahola impesheni nabantu abakhubazekile.
9. Baqinisekise ukuthi wonke umuzi uthola amanzi agobhozayo ahlanzekile, aphephile nathembekile.
10. Bakhe izindlu zangasese zomphakathi kanye namayunithi okuthuthwa kwendle anezindawo zokungena ezibanzi, amarampa okusondela abushalelezi kanye nendawo eyanele yokuphenduka kwabasebenzisa izihlalo ezinamasondo.
11. Baqinise ukulawula kukamasipala ingqalasizinda yokusatshalaliswa kwamanzi futhi bathuthukise ukuphathwa kwamanzi, ukunakekelwa kanye nokulethwa kwezidingo.
12. Babuyisele ngaphakathi izinsiza zamaloli amanzi futhi banciphise ukusetshenziswa kwazo kube kuphela ekungeneleleni okuphuthumayo.
13. Baqinisekise ukuthi ngesikhathi sokuncishiswa kwamanzi noma sesomiso, amaloli amanzi aphuthumayo aletha ngqo eminyango yabantu abakhubazekile, engawadlulisi emigqeni yomphakathi yokwabiwa kwamanzi.

n) Omasipala be-EFF Ngokuthuthwa Kwendle Nokuphathwa Kwamanzi Angcolile

Omasipala be-EFF bazokwenza lokhu okulandelayo:

1. Baqede zonke izindlu zangasese zamabhakede nezimbobo ezingaphephile futhi baqinisekise ukuthi wonke umuntu uthola izinsiza zokuthuthwa kwendle ezinesithunzi.
2. Baxhumanise imindenini nezinhlalo zendle ezisebenzayo futhi banikeze obunye ubuchwepheshe bokuthuthwa kwendle lapho ukuxhunywa okujwayelekile kungenzeki ngokushesha.
3. Baqinisekise ukuthi zonke izikole, imitholampilo nezikhungo zomphakathi zinezinsiza zokuthuthwa kwendle eziphephile, ezihlanzekile nezithembekile.
4. Banikeze izikhungo zomphakathi zokuthuthwa kwendle ezivikelekile, ezikhanyiswe kahle nezigcinwa kahle ezindaweni ezingahlelekile njengesinyathelo sesikhashana ngesikhathi kuthuthukiswa izinsiza ezihlala njalo.



5. Basungule amaqembu okunakekela aphenhla ngokushesha ukuze abhekane nokuvinjelwa kwamapayipi endle, ukuvuza, ukuchitheka kanye nokwehluleka kokuthuthwa kwendle.
6. Bathuthukise, bavuselele futhi bandise ingqalasizinda yokuhlana amanzi angcolile ukuze bavimbele ukungcoliswa yindle futhi bavikele impilo yomphakathi.
7. Bakhe futhi bagcine izindlu zangasese zomphakathi ezihlanzekile, eziphephile nezifinyeleleka kalula ezikhungweni zezokuthutha, ezimakethe, emapaki, ezikhungweni zokungcebeleka nakwezinye izindawo zomphakathi.
8. Baqinise ukuhambisana nezindinganiso zikazwelonke zekwalithi yamanzi nokuphathwa kwamanzi angcolile.
9. Batshale imali owaningweni, ekusunguleni izinto ezintsha, ekuthuthukisweni kwamakhono kanye nobuchwepheshe besimanje ukuze bathuthukise izinhlelo zokuthuthwa kwendle namanzi angcolile.
10. Bakhe omasipala abahlanzekile, abanempilo nabanesithunzi lapho izinsiza zokuthuthwa kwendle zivikela impilo yomphakathi, imvelo nenhlalakahle yomphakathi.

o) Omasipala be-EFF ngokuQoqwa kukaDoti, ukuPhathwa kukaDoti nokuHlanzekela kweMvelo

Omasipala be-EFF bazokwenza lokhu okulandelayo:

1. Baqinisekise izinsiza ezithembekile zokuqoqwa kukadoti kuyo yonke imiphakathi futhi banikeze ingqalasizinda eyanele yokulahla udoti ezindaweni zomphakathi, emalokishini, ezindaweni ezingahlelekile nasezindaweni eziminyene.
2. Baqede ukulahlwa kukadoti ngokungemthetho ngokuphoqelesa okuqinile, izinhlelo ezijwayelekile zokuhlana kanye nengqalasizinda ethuthukisiwe yokuphathwa kukadoti.
3. Bamukele futhi basebenzise uMkhankaso ka-Andries Tatane njengohlelo oluzinikele ukuhlana, ukuhlana nokuvuselela izindawo zokulahlwa udoti ngokungemthetho ngesikhathi kukhuthazwa ukubamba iqhaza komphakathi.
4. Bahlale, bavuselele futhi bandise izindawo zokulahlwa udoti nezokudlulisa udoti ukuze baqinisekise ukuhambisana nezindinganiso zemvelo nezokuphepha.
5. Babuyisele ngaphakathi imisebenzi yokuqoqwa nokuphathwa kukadoti ukuze baqinise amandla kamasipala futhi banciphise ukuthembela kosonkontileka.



6. Bahlanganise abaqoqi bakadoti, imifelandawonye namabhizinisi okugaya kabusha ezinhlelweni ezisemthethweni zikamasipala ngokubanikeza iholo elifanele kanye namathuba omnotho asimeme.
7. Batshale imali ekugayweni kabusha, ekwandisweni kwenani likadoti kanye nasezinhlelweni zomnotho oyindilinga ukuze bancephise ukuthembela ezindaweni zokulahla udoti futhi badale imisebenzi esimeme.
8. Batshale imali ocwaningweni, ekusunguleni izinto ezintsha, ekuthuthukisweni kwamakhono kanye nobuchwepheshe besimanje ukuze bathuthukise izinhlelo zokuqoqwa nokuphathwa kukadoti.
9. Basebenzise izinhlelo zokuphathwa kukadoti nezemvelo ukudala amathuba emisebenzi esimeme emiphakathini yendawo.
10. Bakhe omasipala abahlanzekile, abanempilo nabanesithunzi lapho izinhlelo zokuphathwa kukadoti zivikela impilo yomphakathi, imvelo kanye nenhlalakahle yabo bonke abahlali.

p) Omasipala be-EFF Ngobugebengu, Inkohlakalo Nokuphepha Komphakathi Kumasipala

Omasipala be-EFF bazokwenza lokhu okulandelayo:

1. Bathuthukise zonke iziteshi zamaphoyisa zendawo, izikhungo zokuphepha zomasipala kanye nezinkantolo zomasipala ngamarampa okungena abushelelezi, iminyango ezenzakalelayo, amatafula okwamukela aphantsi kanye nezindawo zokugcina ababoshiwe ezifinyeleleka kalula.
2. Baqinise amandla okuphoqelesa umthetho kamasipala ngokuthuthukisa abasebenzi, ukuqeqeshwa nezinsiza. Baphinde basize omasipala bamukele izindlela ezifanele zokuphoqelesa, njengezikhungo ezizinikele, izinsiza ezabelwana ngazo noma amayunithi aqinisiwe okuphoqelesa imithetho kamasipala, lapho kudingeka khona.
3. Basebenzisane neSouth African Police Service kanye nabanye ababambiqhaza ukuthuthukisa amasu adidiyelwe okuvimbela ubugebengu asekelwe ezindaweni zobugebengu ezihlonziwe.
4. Basebenzise uHlelo Oluqondisiwe Lokuphendula Odlameni Olusekelwe Kobulili Nokubulawa Kwabesifazane eThohoyandou Police Station, eyarekhoda inani eliphakeme kakhulu lamacala okudlwengula.
5. Basebenzise uHlelo LoMasipala Ophephile olugxile ekuvimbeleni ubugebengu, ukuphoqelesa imithetho kamasipala kanye nezindawo zomphakathi eziphephile.



6. Baqinise futhi bandise izinkundla zendawo zokuvimbela ubugebengu. Zizothuthukisa ukusebenzisana phakathi komasipala, imiphakathi, izinhlobo zamaphoyisa omphakathi kanye nezinhlobo zokuphoqelesa umthetho ukuze izindawo zokuhlala ziphephe. Lo msebenzi uzobekwa phambili eUmzumbe (Ward 19), eUmlazi (Wards 76 no-78), eMaphumulo (Ward 4), e-uMshwathi, eMandeni, eThekwini Outer West (Wards 2, 4, 5, 8 no-91), eThekwini Far North (Wards 59, 102 no-112) naseThekwini Central KwaZulu-Natal; eBreede Valley, eMitchells Plain, ePhippi naseCity of Cape Town eNtshonalanga Kapa; kanye naseCity of Johannesburg eGauteng.
7. Basekele izinhlelo zokuvimbela ubugebengu eziholwa umphakathi ngokunikeza ukufinyelela ezikhungweni zomasipala, ubambiswano kanye nezinye izinhlobo zosizo ezifanele.
8. Basungule izinkantolo zomasipala ukuze bathuthukise ukuphoqelesa kwemithetho kamasipala futhi banciphise ukubambezeleka ekuphathweni kobulungiswa.
9. Basebenzise ubuchwepheshe besimanje bokulwa nobugebengu, okuhlanganisa amakhamera e-CCTV, ama-drones, izinhlelo zokuthola ukudutshulwa kanye nezikhungo zokuqapha ngesikhathi sangempela ukuze kuthuthukiswe ukuphepha komphakathi kubo bonke omasipala.
10. Basungule izinhlelo ezizinikele zokuphepha emakhaya ukulwa nokwebiwa kwemfuyo, ukucekelwa phansi kwengqalasizinda kanye nobunye ubugebengu obuthinta imiphakathi yasemakhaya ezindaweni ezifana neMatatiele, iNtabankulu, iMbashe neWinnie Madikizela-Mandela Municipality eMpumalanga Kapa; i-Umzimkhulu, iJozini neMhlabuyalingana KwaZulu-Natal; iNgwathe, iMafube neKopanong eFree State; iRamotshere Moiloa neDitsobotla eNorth West; iMusina neMakhuduthamaga eLimpopo; kanye neJoe Morolong neGa-Segonyana eNorthern Cape.
11. Benze ukuhlolwa kwendlela yokuphila kwezikhulu zomasipala futhi baphoqelele imiphumela eqinile yenkohlakalo nokona ekuphathweni komasipala.
12. Bakhe omasipala abaphephile, abavikelekile nabaphathwa kahle abavikela abahlali, amabhizinisi kanye nengqalasizinda yomphakathi.

q) Omasipala be-EFF Ngokuthuthukiswa Nokunikezwa Amandla Kwentsha

Omasipala be-EFF bazokwenza lokhu okulandelayo:

1. Bagcine amarekhodi aqinisekisiwe entsha engasebenzi ukuze baqinisekise ukufinyelela ngobulungiswa nangokusobala emisebenzini



- yomasipala, emathubeni okuqeqeshwa, emifundazweni kanye nasezinhlelweni zokweseka amabhizinisi.
2. Baqinisekise ukuthi okungenani ama-40% amathuba emisebenzi kamasipala abelwa abantu abasha abaneminyaka eyi-18 kuya kwengama-35, ikakhulukazi engqalasizindeneni, ezinsizeni zobuchwepheshe, ekuphathweni kukadoti, emandleni, emanzini nasezinsizeni zomphakathi.
 3. Babele okungenani ama-50% amathuba okuthenga kamasipala emabhizinisini nasemifelandawonye ephethwe yintsha ngokwesekwa okuqondisiwe, ukuhlukaniswa kwezinkontileka kanye nezinhlelo zokukhokha ngokushesha.
 4. Baqeqeshe futhi benze intsha ibe ngochwepheshe njengezingcweti, ochwepheshe bezobuchwepheshe kanye nabanye abasebenzi abanamakhono ngezinhlelo zomasipala zokufundela umsebenzi, zokuqeqeshelwa umsebenzi kanye nokuthuthukiswa kwamakhono.
 5. Banikeze ukuqeqeshwa kwamahhala kwelayisensi yokushayela kanye nethuba elilodwa lokuhlolwa kwelayisensi kubantu abasha abangasebenzi nabaphothule umatikuletsheni.
 6. Basungule iziKhungo Zamathuba Entsha kanye nezinsiza zokweseka ezisekelwe ezigameni ukuze zinikeze ukuqondiswa kwemisebenzi, ukwesekwa kwamabhizinisi, usizo lokuthola umsebenzi, ukufinyelela kwedijithali kanye nokwesekwa kokufaka izingcingane zemisebenzi, ukuqeqeshwa nosomabhizinisi.
 7. Bahlele kabusha izinhlelo zomasipala zokuqasha intsha, njenge-Expanded Public Works Programme, ukuze zihlanganise imisebenzi efanele intsha ekhubazekile ngokomzimba.
 8. Bathumele otolika abaqeqeshiwe boLimi Lwezandla LwaseNingizimu Afrika kuyo yonke imibukiso yemisebenzi, imihlangano yokufundisa intsha kanye nemihlangano yosomabhizinisi ephethwe ngumasipala.
 9. Baqinise izinhlelo zentsha zokuvimbela ukusetshenziswa kabi kwezidakamizwa futhi basekele izinhlelo zokuhlunyelelwa ezisekelwe emphakathini ngezikhungo zomasipala kanye nokweseka zinhlangano zomphakathi.
 10. Banikeze osomabhizinisi abasha, abadayisi abangahlelekile kanye nemifelandawonye ukufinyelela ezindaweni zokuhweba, ezikhungweni zomasipala, engqalasizindeneni nasezinsizeni zokweseka amabhizinisi.
 11. Babeke phambili imifundaze yomasipala yamakhono ayindlala nawobuchwepheshe futhi baqinisekise ukuthi abaphothule izifundo bafaka isandla ekwakheni amandla kamasipala.



12. Basebenzise izikhuthazo zomasipala, ukugunyazwa kanye nezinhlelo zokuthuthukisa umnotho ukukhuthaza ukuqashwa kwentsha okukhulu emnothweni wendawo.
13. Bashicilele njalo imibiko ngokuqashwa kwentsha, ukuthenga, ukuqeqeshwa, imifundaze kanye nokuthuthukiswa kwamabhizinisi ukuze kuqinisekiswa ukubonakala nokuphendula.

r) Omasipala be-EFF Ngezokuthutha

Omasipala be-EFF bazokwenza lokhu okulandelayo:

1. Bagcine yonke imigwaqo yomasipala iphephile futhi isebenziseka futhi bayimboze kancane kancane imigwaqo yamatshe ukuze kuqinisekiswa ukufinyelela okuthembekile kuzo zonke izimo zezulu ezindaweni ezifana neMogale City neRand West eGauteng kanye neKhayama eNorthern Cape.
2. Baqinisekise ukugcwaliswa kwamatshe okuphuthumayo komgwaqo u-R524 osuka eLouis Trichardt/Makhado udlule eThohoyandou uye ePunda Maria Gate yaseKrugersdorp National Park.
3. Babeke phambili ukunakekelwa nokuthuthukiswa kwemigwaqo eya ezikoleni, emitholampilo, emathuneni, ezikhungweni zomnotho nakwezinye izikhungo zomphakathi.
4. Baqinisekise ukuthi izikhundla zamatekisi nezinye izikhungo zezokuthutha zomphakathi zihlanzekile, ziphephile futhi zithola amanzi, ukuthuthwa kwendle kanye nezinsiza zokuqoqwa kukadoti.
5. Bafake kuzo zonke izimoto zomasipala zezokuthutha zomphakathi izimemezelo ngezwi kanye nezikrini zedijithali ezibonakalayo ukuze kumenyezwe ngokucacile izitobhi nemizila elandelayo.
6. Benze ngokusemthethweni ubambiswano nezinhlangano zamatekisi ukuze baphathe ndawonye izikhundla zamatekisi, izikhungo zomphakathi kanye nengqalasizinda yabagibeli ngendlela esekela ezokuthutha zomphakathi eziphephile nezisebenzayo.
7. Bahlele izikhundla zamatekisi nezikhungo zezokuthutha njengezindawo zokuhweba ezihlelekile ezisekela abadayisi abangahlelekile kanye nomsebenzi womnotho wendawo.
8. Bethule izinhlelo ezisobala nezisebenzayo zokukhipha izimvume zamatekisi kanye nokunye ukugunyazwa kukamasipala okuhlobene nezokuthutha.
9. Bafake ingqalasizinda yesimanje yokuphepha, okuhlanganisa izibani, izinhlelo zokuqapha kanye nezindlela zokuphepha, ezikhundleni zamatekisi, eziteshini zamabhasi nezitimela.



10. Bandise izinsiza zezokuthutha zomphakathi ezithembekile nezingabizi, okuhlanganisa izinsiza zamabhasi zomasipala nezinenkontileka, ikakhulukazi emalokishini ahlinzekwayo nasemiphakathini yasemakhaya.
11. Baqinisekise ukuthi izikhulu zokuphoqelela umthetho zomasipala azibophi amatekisi ngokungadingekile nangokungemthetho.
12. Banikeze izibonelelo zokuhlaza nokunakekela ezinhlanganweni zamatekisi, imifelandawonye namabhizinisi omphakathi aphethe izikhundla zamatekisi, izindlu zangasese zomphakathi kanye nezikhungo zabagibeli.
13. Banikeze ukwesekwa kwezokuthutha okuphephile, okuthembekile nokuxhaswe ngemali kwabahola impesheni, abantu abakhubazekile kanye nabantu abangasebenzi.
14. Banikeze ezokuthutha eziphephile nezithembekile kubahlomuli asebekhulile be-SASSA lapho belanda impesheni nezibonelelo zabo zomphakathi.
15. Benze ukuhlolwa okuvamile kwengqalasizinda yezokuthutha kamasipala kanye nezinkontileka ezihlobene ukuze kuqinisekiswa ukuthi izinsiza zomphakathi zisekela ukulethwa kwezidingo, ukuthuthukiswa komnotho kanye nezidingo zemiphakathi.
16. Bavuselele futhi bagcine izikhumulo zezindiza zomasipala futhi bathuthukise ingqalasizinda yezindiza ezincane lapho kufanele khona.
17. Babophezele omameya, amalungu amakomiti omeya kanye nezikhulu zomasipala ngesimo semigwaqo, ingqalasizinda yezokuthutha kanye nezikhungo zezokuthutha zomphakathi.
18. Baphoqelele imithetho yomasipala ukuqinisekisa ukuthi bonke abaqhubi bezokuthutha basebenza ngokusemthethweni nangokuzibophezela, bavikele abagibeli, amabhizinisi kanye nemiphakathi.

s) Omasipala be-EFF Ngengqalasizinda Kamasipala

Omasipala be-EFF bazokwenza lokhu okulandelayo:

1. Bakhe kabusha amandla angaphakathi kamasipala ngokuqasha onjiniyela, abahleli bamadolobha, abaklami bezakhiwo, izingcweti, abasebenza ngamapayipi, ochwepheshe kanye nabanye abanamakhono adingekayo ukuhlela, ukwakha nokugcina ingqalasizinda.
2. Baqede ukukhishwa ngaphandle kwezinsiza ezibalulekile zengqalasizinda futhi bakhe amaqembu kamasipala ahlala njalo



aphethe imigwaqo, amanzi, ukuthuthwa kwendle, amanzi ezikhukhula kanye nezikhungo zomphakathi.

3. Baqale uhlelo olukhulu lokwakha kabusha ingqalasizinda ukuze kubhekwane nokusilela kwemigwaqo, amanzi, ukuthuthwa kwendle, izinhlelo zamanzi ezikhukhula kanye nezikhungo zomphakathi.
4. Basebenzise ukuthuthukiswa nokunakekelwa kwengqalasizinda njengendlela enkulu yokudala imisebenzi, kugxilwe kubasebenzi bendawo, abesifazane kanye nentsha.
5. Bagcine futhi bathuthukise imigwaqo yomasipala, amabhuloho, amarobhothi, izibani zomgwaqo, izimpawu zomgwaqo kanye nezinhlalo zamanzi ezikhukhula ukuze kuqinisekise ukuhamba okuphephile nokuthembekile kwabantu nezimpahla.
6. Balungise, bandise futhi bagcine ingqalasizinda yamanzi, okuhlanganisa amapayipi, amachibi amanzi kanye nezikhungo zokuhlanza, ukuze kuqinisekise amanzi athembekile futhi kuqedwe ukulahleka kwamanzi okubangelwa ukuvuza nokunakekelwa kabi.
7. Bathuthukise futhi bagcine ingqalasizinda yokuthuthwa kwendle, okuhlanganisa izinhlelo zendle nezikhungo zokuhlanza amanzi angcolile, ukuze kuqedwe ukuchitheka kwendle futhi kuqinisekise izinsiza zokuthuthwa kwendle ezinesithunzi kuyo yonke imiphakathi.
8. Babeke phambili ukuthuthukiswa kwengqalasizinda ezindaweni ezingahlelekile, emalokishini, emiphakathini yasemakhaya nakwezinye izindawo ezazingahlinzekwa ngokomlando.
9. Bagcine futhi bathuthukise ingqalasizinda ezindaweni zokuhlala, zezohwebo nezimboni ukuze basekele imindeni, amabhizinisi, ochwepheshe futhi bakhuthaze ukukhula komnotho wendawo.
10. Baqinisekise ukuthi ingqalasizinda kamasipala isekela ukuthuthukiswa kwezimboni, ukutshalwa kwezimali, ukukhula komnotho kanye nokwandiswa kwamabhizinisi endawo.
14. Baqinisekise ukuthi ukutshalwa kwemali engqalasizindenini kuhambisana nokuhlelwa kwezindawo, izindawo zokuhlala zabantu ezididiyelwe kanye nezinhloso zentuthuko zikamasipala zesikhathi eside.

F. UKWABIWA KWEZIMALI NOKUXHASWA NGEZIMALI KOMASIPALA BABANTU BE-EFF

Ohulumeni basekhaya babhekene nenkinga ngenxa yokuphathwa kabi nokusaphazwa kwezimali komasipala abaholwa yi-ANC, i-DA ne-IFP, okuphazamisa ukuhlinzekwa kwezinsiza ngendlela efanele. Kudingeka indlela



entsha yokwabiwa nokuxhaswa kwezimali, ukuqiniswa kwamandla okuphatha, kanye nokuqinisekisa ukuthi abaholi babeka imiphakathi phambili.

OMasipala njengamanje bathola cishe u-9% wezimali ezabiwa yiPhalamende kohulumeni kazwelonke, bezifundazwe nabasekhaya. I-EFF izoqhubeka nokugqugquzela ePhalamende ukuthi lesi sabelo sikhushulwe okungenani sifinyelele ku-15%, okuzokhulula izinsiza ezengeziwe zemisebenzi ebalulekile efana nemigwaqo, amanzi, ugesi nezindlu.

OMasipala Babantu Be-EFF bazosungula iziGaba Zokuqapha Ngobuchwepheshe Izibonelelo Zengqalasizinda. Lezi zigaba zizoba nonjiniyela, abaklami bezakhiwo, abahleli bamadolobha, izingcweti nabahlaziyi bezimali abazinikele abasebenza ngokugcwele ukuze baqinisekise ukuthi izimali zezibonelelo zengqalasizinda, ezivame ukulahleka ngenxa yokungahleleki kahle nenkohlakalo, zisetshenziswa ngendlela efanele.

OMasipala Babantu Be-EFF bazophinde babambisane namabhizinisi ukusiza ukwakha imigwaqo, izinhlelo zamanzi, ugesi, izindlu nengqalasizinda yedijithali, kuyilapho lezi zimpahla zigcinwa ezandleni nasebunikazini babantu.

OMasipala Babantu Be-EFF bazokwenza izivumelwano namabhizinisi endawo ukuze asekele ukugcinwa kwengqalasizinda, okuhlanganisa ukulungisa izindlela zabahamba ngezinyawo nemigodi emigwaqweni, ukubeka imigqomo kadoti emagcekeni awo, nokuhlanza izindawo zomphakathi.

Bazophinde babele izinhlangano zamatekisi izimali zokuhlanza nokugcina izikhundla zamatekisi, imizila yezokuthutha nezindlu zangasese zomphakathi. Ngaphezu kwalokho, oMasipala Babantu Be-EFF bazoqoqa izikweletu ezikweletwa ngamabhizinisi amakhulu neminyango kahulumeni.

Izigidigidi zamarandi zilahleka minyaka yonke ngenxa yokusaphazwa kwamanzi nogesi okubangelwa ingqalasizinda engagcinwa kahle. OMasipala Babantu Be-EFF bazolungisa ingqalasizinda futhi bafake amamitha ahlakaniphile ukuze bavikele imali engenayo kamasipala.

Ngokusho koMcowaningimabhuku-Jikelele waseNingizimu Afrika, omasipala basebenzisa ngaphezu kuka-R1.6 billion kubeluleki ngonyaka wezimali ka-2024/25. OMasipala Babantu Be-EFF bazobeka phambili ukwakha amandla angaphakathi ngokugqasha ochwepheshe abaqeqeshwe ngokufanele esikhundleni sokuncika kubeluleki, ukuze kuqinisekise ukuthi izimali zomphakathi zisetshenziswa ngendlela eyonga kakhudlwana.



OMasipala Babantu Be-EFF bazohlizeka abanikazi bamabhizinisi ngomhlaba wamahhala wokwakha amafekthri nokudala imisebenzi, ngenhloso yokwandisa imali engenayo kamasipala.

G. ISIPHETHO

Namuhla, iNingizimu Afrika ibhekene nokukhetha okungeke kusahlehliswa. Ukukhetha phakathi koKunqoba noma Ukufa. Ukuwa komasipala bethu nokwehluleka kohulumeni basekhaya eNingizimu Afrika akugcini nje ngamapayipi aphukile, imigodi emigwaqweni, ukuqoqwa kukadoti, amanzi nokuhlinzekwa kukagesi.

Kumayelana nempilo yansuku zonke kanye nezimo eziphilwa ngabantu bakithi. Kumayelana nomama waseGiyani ongakwazi ukugeza nokuphekela izingane zakhe ngoba awekho amanzi. Kumayelana nentsha yaseSoweto naseMamelodi engakwazi ukuthola imisebenzi kumasipala ngoba ayixhumene nezombusazwe. Kumayelana nentombazane yaseMthatha ephoqeelwa ukulala nekhansela lendawo noma iMeya ukuze ithole umsebenzi. Kumayelana nentsha yaseKhayelitsha naseMitchells Plain esizinikele ezidakamizweni nasotshwaleni ngenxa yokungasebenzi.

Kumayelana nabasebenzi nabahola impesheni baseRustenburg abakhokhela izinsiza abangazitholi. Kumayelana nezingane zaseMangaung ezidlula indle echichimayo nemigwaqo egcwele imigodi uma ziya esikoleni.

Abantu bakithi sebezile izethembiso ezanele eMlazi naseKwaMashu. Abantu bakithi sebelalele izinkulamo ezanele eNkomazi naseMbombela. Abantu bakithi sebefunde amamanifesto anele. Okufunwa yiNingizimu Afrika manje ukuzibophezela kwangempela.

Izibophezelo ezikuleli manifesto azizona izethembiso eziyize. I- EFF iyazi ukuthi abantu bakithi sebekhathalele izethembiso. Lezi yizibophezelo i-EFF ezozilandela ngokuzithiba, ngobuqotho nangokuzimisela.

Leli manifesto liyisimemezelo sokuthi uhulumeni wasekhaya angasebenza. Liyisimemezelo sokuthi omasipala bangaba yizikhungo zobungcweti nokuhlinzekwa kwezinsiza kubantu bakithi, ezingenayo inkohlakalo.

Sonke isibophezelo esikuleli manifesto siyasebenza futhi siyalinganiseka.



Lezi yizibophezelo zokuqinisekisa ukuthi akukho ngane ekhulela e-Emfuleni icabanga ukuthi indle emigwaqweni iyinto ejwayelekile, akukho mndeni waseLusikisiki owamukela ubumnyama njengesimo saphakade, futhi akukho miphakathi yasePolokwane nasePhokwane ephoqeelwa ukuphila ngaphandle kwezinsiza eziyisisekelo nesithunzi.

Iqiniso ukuthi ngeke kube khona inkululeko yangempela ngaphandle komasipala abasebenzayo. Ngeke kube khona isithunzi lapho amanzi engagelezi khona, lapho ugesi ungathembekile khona, lapho imigwaqo ingaphephile khona, nalapho imitholampilo ingakwazi ukusiza abagulayo.

Sonke isibophezelo esikuleli manifesto sinesisindo. Siyisibophezelo sokubuyisela ukuziphendulela lapho sekugugulekile, nokuqinisekisa ukuthi ubukhona bukahulumeni wasekhaya abuzwakali ezinkulumweni noma eziqubulweni, kodwa ezimweni zansuku zonke eziphilwa ngabantu abavamile.

Umsebenzi ongaphambili ngeke ube lula. Uzobhekana nokuphikiswa yilabo abazuza ekuweni komasipala bethu. Uzobhekana nokuphikiswa yilabo abazuza ebuhlungwini nasekuhluphekeni kwabantu bakithi. Uzobhekana nokuphikiswa yilabo abazuza esimweni esikhona.

Bantu base-Ekurhuleni, eJohannesburg, eTshwane, eMangaung naseNelson Mandela Bay. Basebenzi baseKapa, eThekwini naseBuffalo City. Bantu baseNingizimu Afrika.

Sethula iManifesto Yokhetho Lohulumeni Bendawo yango-2026 njengesibophezelo seminyaka emihlanu sokwakha oMasipala Babantu abazoletha Inkululeko Yezomnotho.

Ukunqoba noma Ukufa, votela i-EFF!
Isithasiselo A:

H. ISITHASISELO A: ISIMEMEZELO SEKHANSELA LE-EFF

Mina, _____, ngokuzithandela ngamukela ukuthunyelwa yi-Economic Freedom Fighters njengeKhansele kuhulumeni wasekhaya.

- Ngizibophezela ngokuzimisela ukukhonza abantu baseNingizimu Afrika ngokuzithiba, ngokwethembeka, ngobuqotho nangokuzinikela kwezinguquko.



- Nginyaqonda ukuthi ukuthunyelwa akulona ilungelo noma umsebenzi, kodwa kuwumthwalo wemfanelo kanye negunya lenhlangano.
- Ngifunga ngokuzimisela ukuthi ngizoba yiKhansela elithembekile emphakathini wami nakubantu baseNingizimu Afrika.
- Ngiyazinikela ekusebenzeleni umphakathi wami amahora angama-24 ngosuku.
- Ngizohlala ewadini yami isikhathi sonke sehlandla lami futhi ngeke ngithuthe.
- Ngeke ngibandakanyeke enkohlakalweni nasekwebeni.
- Ngeke ngibandakanyeke enkohlakalweni yohlu lwezindlu.
- Ngeke ngibandakanyeke enkohlakalweni yezinqubo zokuqashwa.
- Ngeke ngenze ibhizinisi nomasipala futhi ngeke ngibambe iqhaza kumathenda.
- Ngeke ngenze udlame olusekelwe ebulilini noma ukuziphatha okufanayo okwephula isithunzi namalungelo abantu ayisisekelo abesifazane nezingane.
- Ngeke ngisebenzise izinto ezidakayo noma ngibonakale ngidakiwe emphakathini.
- Ngizokhokha izimali zami zenhlangano ngokugcwele nangesikhathi, njalo ngenyanga, futhi ngeke ngephule lesi sibopho.

Ngiyamukela ukuthi uma ngephula lezi zibophezelo, uMthethosisekelo we-EFF, iManifesto Yokusungulwa, uMhlahlandlela Wokuziphatha noma iziqondiso zenhlangano, i-Economic Freedom Fighters kufanele ingibuyise futhi ingisuse ekuthunyelweni njengeKhansela.

KUSAYINWE e-_____ ngalolu suku luka-__ ku-_____ 2026.

IKHANSELA

Isiginesha: _____

EGAMENI LE-ECONOMIC FREEDOM FIGHTERS

Ogunyaziwe Ukusayina: _____

Isiginesha: _____

UFAKAZI 1

Igama: _____

Isiginesha: _____

UFAKAZI 2

Igama: _____



Isiginesha: _____